Publication: Isolezwe (Gauteng)
Date: Thursday, October 25, 2018
Page: 8

# Kuzotshalwa R32.4bn kwezemfundo nezempilo

**MHLENGI SHANGASE**

UNGQONGQOSHE wezimali uMnuz Tito Mboweni umemezele ukuthi eminyakeni emithathu ezayo kuzotshalwa uR32.4 billion kwezemfundo nakwezempilo.

U-R15.9 billion uzoya ezinhlelweni zengqalasizinda okubalwa uR3.4 billion wengqalasizinda yezikole okubalwa nokuqedwa kwezindlu zangasese eziyimigodi. Enye imali izosiza ezinhlelweni zozibambele, i-Expanded Public Works Programme.

Ubalule nokuthi kuzosizwa abafuna ukuthenga izindlu beboleka imali njengoba kubekwe uR1 billion.

"U-R1.7 billion uzosiza ekuvuseleni amabhilidi ezikoleni. Kunemali enguR3.4 billion yokusiza ngesomiso."

Uthe akekho umuntu okumele afunde esikoleni esingaphephile.

"Kumele abafundi babe nezindlu zangasese ezisesimeni. UMengameli ukhiphe umyalelo wokuthi zonke izikole kumele zibe nezindlu zangasese ezisesimeni."

Uthe abafundi kumele bathole amaqakelo mahhala. Ezinye izifundazwe seziqalile nalolu hlelo okubalwa naKwaZulu-Natal lokusabalalisa amaqakelo ezikoleni.

Kwezempilo uthe bazotshala uR350 million ukuqasha abasebenzi bezempilo abangu-2 000.

"Sizobeka noR150 million wokuthenga amashidi ezibhedlela kulezo eziwadinga kakhulu.

"Lokhu kuvele engqungquthelen yezempilo ebibizwe nguMengameli."

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.